

# PULA IMVULA

**GROWING** FOOD • PEOPLE • PROSPERITY

INCWADI YEGRAIN SA YABALIMI ABASAKHULAYO



*Isitshalo sommbila esinempilo esifana nalesi sidinga umanyolo esigabeni saso sokuqala sokukhula.*

*Isithombe:* Jenny Mathews

## Umanyolo i-top-dressing: UKUGCINA ISIKHATHI KUBALULEKILE

**U**NYAKA USUYA NGASEMAPHELWENI NABAKHIQIZI KUFANELE BAQINISEKISE UKUHI YONKE INTO YOKUKHULISA ISIVUNO SESILIMO SABO SEYENZIWE. KUBALULEKILE UKUPATHA ISILIMO NGOKOHLELO LOKUQALA LOKUKHQIZA – IKAKHULUKAZI AMAPHROGREMU KAMANYOLO NAMAKHEMIKHALI.

Lezi zinhlelo kufanele zihlale zicutshungulwa njalo. Uma sikhona isidingo sokwenza izinguqoko kuphrogremu, kufanele kwensiwe futhi manje seyiso isikhathi sokukwenza lokho. Ukucubungula iphrogremu kamanyoelo kubalulekile ukuqondisisa ukuthi sidinga umanyolo ongakanani futhi nini.

### IZIGABA ZOKUKHULA

Emkhqizweni wommbila kukhona izigaba zokukhula ezibalulekile okufanele uzigcine engqondweni.

- Isigaba sokuqala sisukela ekumileni kuye ku-V5 (noma esigabeni samcembe ayi-5).
  - Isigaba sesibili sisukela ku-V5 kuye ku-V9.
  - Lapho sekusukela ku-V9 kuye ekuqhakazeni.
  - Ekuqhakazeni kuyofinyelela esigabeni sokuqina phecelezi *hard dough stage*.
  - Isigaba sokugcina sokukhula ukuvuthwa emzimbeni.
- Isivuno sethiyori siqala ngesikhathi sesigaba V5. Uma kukhona nomayiluphi uhlobo lokuntuleka kwamanyuthriyenti okwenzekile kufanele kulgiswe. Ukufakwa kukamanyolo ngokuhlaizya kwamacembe kuzosiza ekuboneni lokho okudingekayo.

## Umanyolo i-top-dressing...

Ngesikhathi sokutshala kubalulekile ukusebenzisa umanyolo ofanele futhi kuzoba nomthelela esivunweni. Isitshalo esikhula masinyane esi-gabeni esilandelayo sokuvela kwamacembe amasha njalo ezinsukwini ezintathu. Kusobala ukuthi isidingo somswakama namanyuthriyenti esitshalo siyakhula kule sigaba.

### ISIKHATHI SE-TOP-DRESSING

#### Ummbilä

Ku-V6 kuya ku-V8 yisigaba esikhethekile senayithrojini *top-dressing*. Konke ukuntuleka kwamanyuthriyenti manje nakho sekufanele kuqedwe, ukuze kutholakale isivuno esiyifayineli esikhulu – okufanele kwenziwe esi-gabeni samacembe ayi-12 – akuphazamiseki kakhulu.

Kwezinye izimo kuyawenza umqondo ngokomnotho ukukhulisa *i-top-dressing*. Lapho kulindeleke khona imvula eyi-avareji, kwenza umqondo ukusebenzisa umanyolo omningi. Ngonyaka wesomiso *i-top-dressing* ingancishiswa kodwa khumbula ukuthi isivuno lapho sizonciphä. Xhumana nomdayisi kamanyolo akusize ngokwenza isinqumo.

#### Ubhekilanga

Kubhekilanga, umanyolo nakhona ubamba elibalulekile iqhaza ekukhuliseni isivuno. Kubalulekile ukufaka umanyolo odingekayo ngesikhathi sokutshala. Ukufakwa kwenayithrojini engeziwe nephotheziyamu kungenza isivuno esingcono. Isivuno esilindelekile nokuhlaziya kwenhlabathi kuyadingeka ukuze kunqunywe ngomanyolo odingekayo owengeziwe. Nakuba isitshalo sisusa amakhilogremu aphansi ephotheziyamu nefosfeythi, kudinga okungaphezulu kwalokho okususive. Ngakho ke kwenza umqondo ukusebenzisa umanyolo owengeziwe. Umanyolo owengeziwe ungfakwa ngesikhathi ubhekilanga ufika edolweni ubude nangaphambi kokuba ubhekilanga wenze ikenophi.

Ubhekilanga unozwela kakhulu ekuntulekeni *kwe-boron ne-molybdenum* futhi uma lezi zinsalela zama-elementi zingasekelwanga, lokho kuntuleka kungaba nomthelela omkhulu esivunweni. Kubalulekile ukufaka la ma elementi ngaphambi kokuba ubhekilanga ufinyelele edolweni ubude.

#### Qaphela

- Ukufaka umanyolo ongeziwe eztshalweni kubalulekile ukuba ufakwe ngokufanele. Uma umanyolo ufafazwa ngesifafazi sikamanyolo noma ufakwe nge-*cultivator*, qinisekisa ukuthi *i-implement* ikhalibhrethwe ngokufanele.
- Umshayeli kufanele alandele amasethingi adingekayo.
- Kubalulekile futhi ukuba ucqinisekise ukuthi isifafazi sikamanyolo ensimini siqinisekisiwe ngenani likamanyolo odingekayo. Uma kukhona umehluko, ulungisa ngokufanele lapho kudingeka khona.
- Ezilimeni ezikhiqizwa ngokwe-*conventional production system* ukulinywa kwamasimu kubaluleke kakhulu. Lapho inhlabathi igqishelene, ukulinywa okulula kungenza ukuba umoya ungene enhlabathini. Uku-vikela umonakalo wezimpande, lokhu kufanele kwenziwe phezulu futhi kude nesitshalo. Lesi sinyathelo sizobulala ukhula kodwa singakhuthaza ukumila kokhula olusha.

### UKULAWULA UKHULA NEZINAMBUZANE

Ukulawula ukhula nezinambuzane kubaluleke kuzo zonke izilimo. Isivuno sommbila nesikabhekilanga sincipha kakhulu ngenxa yokuncintisana nokhula nezilimo uma zisencane. Kubalulekile ukufaka *i-hericide* efanele uma utshala.



*Nakuba ukukhula kwesilimo sommbila kuncike kakhulu emvelweni, amanye amafektha afana nokukhethwa kwe-cultivar, umanyolo, ukunisela nokulawulwa kwezinambuzane konke kunomthelela ekukhuliseni isivuno.*



Ezigabenzi zakamuva kubalulekile ukufaka i-herbicide okwesibili ukuze izilimo zigcineke zinganalo ukhula. Uma usufaka i-herbicide okwesibili kubalulekile ukufunda amalebuli nokufaka i-herbicide ngokwezincomo. Qinise-kisa ukuthi izinhlobo ezahlukene zama-herbicide zifafazwa kanyekanye. Abakhqizi kufanele baqinisekise ukuthi basebenzisa ama-nozzle afanele uku-aplaya ama-herbicide. Xhumana nomdayisi wakho wamakhemikhali ukuze uqinisekise ukuthi uhlelo lwakho luyasebenza.

Kubalulekile futhi ukuqinisekisa ukuthi izifafazi ziya-khalibhrethwa ngokufanelele. Abakhqizi kufanele baqhathanise ukufakwa ensimini ngayinye ngokuhleliwe nangokwe-aplikheshini okubaliwe.

Uma isilimo sifafaziwe, abalimi nabo kufanele baqhele zonke izinambuzane ezitshalweni. Emasimini ommbila kuhle ukufaka i-pesticide ukulawula i-boll-worm ne-stalk borer worms yommbila uma kutshalwe i-conventional noma i-Roundup ready cultivar. Uma i-BT cultivar itshaliwe akudingekile ukulawula i-bollworm kanye ne-maize stalk borer worms. Phinda ubheke ne-maize leafhoppers ne-maize aphids ngoba zidla uke-tshezi oluhambisa ukudla esitshalweni sonke sommbila iphinde idlulise nezinye izifo emacembeni.

#### **UKULAWULA IZIFO ZAMACEMBE**

Ukulawula izifo zamacembe ommbila kubaluleke kakhulu. Qaphela i-grey leaf spot, i-eyespot, i-common rust, i-northern corn blight nezinye izifo. Lezi zifo zamacembe zingasehlisa kakhulu isivuno. Ngenxa yezifo isivuno singacipha size sifinyelele ku-50%.

Nakhona kubhekilanga kubalulekile ukulawula i-boll-worms. Izintshalo zisuke zisimesi esinozwela kakhulu esigabeni sokuqala zokwakheka kwekhanda. Ukuhlaselwa kuleso sigaba kungadala ukungakhandeki ngendlela kwamakhanda futhi nezinhlamvu zingakhandeki ngokufanele. Kwesinye isikhathhi ikhanda lingakhandeki.

Emva kwasigaba sokuqhakaza kwezimbali kuyancipha ukuzwela nokonakala kwezitshalo kuyancipha ukudliwa kwama-kernel ekhanda. Nakuba i-bollworms nayo ingawahlasela amacembe aphezulu, umonakalo awuvamisile ukuba bucayi, ngaphandle uma ukuhlaseleka kungamandla.

Isifo esibucayi sikabhekilanga yi-Sclerotinia sclerotorum, i-rust, i-root rot, i-leaf spot, i-charcoal rot, i-white blister, i-head rot ne-stem rot. Xhumana nabadayisi namakhemikhali ukuze uthole useluleko mayelana namakhemikhali okufanele uwasebenzise kanye nangesikhathi esifanele sokufafaza. ■

**U-PIETMAN BOTHA,  
UMELULEKI OZIMELE KWEZOLIMO**



## **IZWI LIKA...**

**Jannie de Villiers**

**N**GITHATHE UMHLALAPHANSI NJENGE-CEO KWA-GRAIN SA EKUPHELENI KUKA-AGASTI KUWO LO NYAKA. LO UMLAYEZO WOKUGCINA OBHEKISWE KUWO ONKE AMALUNGU AKWA-GRAIN SA NAKWABABAMBE IQHAZA KUPHROGREMU ETHUTHUKISA ABALIMI KWA-GRAIN SA. EMAPHETHELWENI OMSEBENZI WAMI, NGINETHULELA ISIGQOKO FUTHI NGIYAZITHOBA NGOKUBA YINGXENYE YABAKHI BEBHULOHO ABAZINIKELE KANGAKA EKWENZENI ININGIZIMU AFRIKA ENTSHA NENGCONO.

Uma ngibheka kancane nje emuva eminyakeni engaphezulu kweshumi ngiyi-CEO kwa-Grain SA, iPhrogremu yokuThuthukisa abaLimi ikuhlile ngobude futhi isiphenduke izinga phezelezi benchmark ejwayelekile yephrogremu yokuthuthukisa ikhomodithi. Ukuze uzuze lolu hlobo lwesticoco nokwaziswa, kudinga ukusebenze kanzima njalo kwethimba lezimenenja nabalimi kanye nabaxhasi abanenkolelo eqinile nenamndlal ezinhlosweni nasemakhonweni kubo bonke ababandakanekayo.

Abalimi yibona abatholana phezulu nama-elementi emvelo ukuze bakhiqize ukudla kwabo nokwesizwe. I-Grain SA uyethembra ngokwanele ukuthi efake imali yakho oyisebenze kanzima ku-akhawunti yethu ukuze sikusize ngama-input, sikuqequeshe futhi sikweluleke. Ukuethembra kwakho kuphakamise ukuzinikela kwethu ukuba sisize futhi sibekezele ngaphezo kwazo zonke izingqinamba. Ngikhathazekile ngenxa yokuthi esikhathini sami asiphumelelanga ukuvulela abalimi abamnyama abasha izimali ukuze babe abalimi abalimela ukudayisa ngokuphelele. Kodwa, ngiyazi ukuthi akusekho kude kakhulu ukuba siphumelele.

Okokugcina, i-Grain SA yathatha uchungechinge lwezingumo ngonyaka odlule zokubeka ukuthuthukiswa kwabalimi emzileni omusha. Inkampani entsha i-Phahama Grain Phaphama yarejistwa njengenqola eyenzelwe amaphrogremu e-Grain SA. Kubuthwe abaxhasi abasha nemenenja entsha, iqashiwe u-Dr Sandile Ngcamphalala. Ngiyakhwlwa ukuthi inhlanganisela yentsha kanye nolwazi oluqinile lokuphatha bazokwazi ukusiza abalimi abanangi ekutheni baphumele bafinyelele kwelinyle izinga.

Kinina nonke baxhumanisi kulo mkhakha, ningifakele ugqoz! Ngiyabonga kakhulu, angibongi kuphela lokho enikwenzele i-Grain SA, kodwa ngibongela izwe lethu nabantu balo.

Ngithanda ukubonga kini nonke ngokukhombisa umhlaba ukuthi abalimi bokusanlavu bangakwazi ukubambisana futhi basebenze ndawonye ukondla nokwelapha le sizwe. Ngicele niqhubeke nokwenzie njalo ngokuzayo. ■

# Hlangana *ne-CEO entsha* yakwa-Grain SA

**U**-DR PIETER TALJAARD (43) UTHATHE IZINTAMBO KU-JANNIE DE VILLIERS OBEYI-CEO, NGOMHLA KA-1 SEPTHEMBA, NJEGOMKHIQIZI OYITOHO, AKANAYO INTSHISEKELO YEZOLIMO NJE KUPHELA, KODWA UPHINDE AQONDISE UBUMNANDI BAZO, IZITHIYO NEZINSELELO.

Uneiqu ze-PHD kwezonotho wezolimo phecelezi *agricultural economics* azithola eNyvesi yaseFreystata i-*University of the Free State (UFS)*, usesebenze ezikhundleni eziningi kwezokupathha eminyakeni embalwa edlule. Lezi zibandakanya izkhundla zokuba *yi-income optimization manager* kwaMonsanto nokuba yimenenja yokukhiqiza kwa-NWK. Ngaphambi kokuba ajoyine i-Grain SA ubeyimenena: *ye-Small Grain ne-Industrial Crops* eBayer.


Ugqozilwakhe kwezolimo lusukela emhlabeni wommbila eNyakatho neNtshonalanga – epulazini elingaphandle kancane kwase-Potchefstroom lapho uyise wayelima khona ngokuyitoho. U-Pieter wasenza esemncane isinqumo sokusebenza kwezolimo. Ngaphandle kokusebenza ikakhulu-kazi embonini yembewu eminyakeni embalwa edlule, ubelokhu elima ngokuyitoho iminyaka eyi-19 – umsbenzi wokuzilibazisa owawunikeza yena nomndeni wakhe injabulo engapheli.

Ingxogxweni noValerie Cilliers, umhleli we-SA *Graan/Grain*, utho into emthokozisayo nge-Grain SA yiqaqiso elithi umkhiqizi uyilungu aphinde abe ikhasimende. ‘Ngakho ke kubalulekile kumkhiqizi ukuthi inhlango yenza umqondo futhi inelungelo lokuba khona.’

Uphinde waphawula ukuthi intuthuko yezolimo iyengxene enku yekusasa leNingizimu Afrika futhi iyona kuphela indlala abakhiqizi abangenisa inzuso bengali-qinisekisa ikusasa eNingizimu Afrika. ‘Embonini yokusanhlamvu, i-Grain SA yenze umsebenzi omuhle kakhulu kuze kube manje futhi izimpilo zabantu abanangi seziguqukile futhi zenziwa ngcono yilama phrokethi. Ngingathanda ukwakhela kulokhu.

‘Ukutshala okungenisa inzuso nenqubekelaphambili, kubalulekile uku-thatha abalimi abasafufusa ubaqhubele phambili, njengoba behlangabezana kakhulu namafektha ezenhlaho-yendawo nawomnotho. Ama-input adinga ukwensiwa ngcono futhi athenjwe futhi ngalokho, kudingeka ugqozi kwezolimo. Kulula uku-investa entweni oyithandayo. Ngithanda ukubona i-Grain SA iqhubeka nokubamba iqhaza elikhulu ekuthuthukiseni ezolimo.’ ■

ITHIMBA LABAHLELI KWA-GRAIN SA



## Isimemezelo sokuyogoma

**U**NGQONGQOSHE WEZOLIMO, UKWABIWA KABUSA KOMHLABA NOKUTHUTHUKISWA KWEZINDAWO ZASEMAKHAYA, U-MS THOKO DIDIZA, WENZE ISIMEMEZELO EMKAKHENI WEZOLIMO NE-AGRO-PROCESSING UKUBA KUYOGONYWA. KUKHONA UBUNGCONO OBETHEMBISAYO KUPHROGREMU YOKUGOMA KULELI.

‘Ngifisa ukwenza isimemezelo kubo bonke ababambe iqhaza emkhakheni wezolimo nakwa-*agro-possessing* ukuba baqinisekise ukuthi bayogoma ngoba lokho kuhamba ibanga elide ekuqinisekiseni ukuthi ukukhiqizwa kokudla kuyaqhubele ezweni.’ Kusho uNgqongqoshe uDidiza esitativendeni esisemthethweni.

Ukulwa ne-COVID-19 kungumsuka obalulekile we-*Economic Reconstruction and Recovery Plan* kahulumeni njengokwesimemezelo sikamongameli u-Cyril Ramaphosa. Kubalulekile ukukhulisa inombolo yabantu abagomayo, ngoba lokho kuzokwenza ngcono amathuba okuqinisekisa ukuthi imisebenzi yezomnotho nempilo ezweni iyaqhubele ngaphansi kokuphazamiseka okuncane.

‘Lo mkhakha ubalulekile ngokwemisebenzi njengoba lo mkhakha uqhubele nokugcina imisebenzi engaphezulu kuka-750 000 ngokwe-medium term. Ngokusekelwa amandla ayo ekukhuliseni umnotho

nasekusunguleni imisebenzi, ibonakale njengomunye wemikhakha ebalulekile eqhuba ukuvuselelwa komnotho ezweni futhi yingakho ke sonke kulo mkhakha kufanele sigonywe ngokuphelele, ukuze siqhubeke nokubamba iqhaza elibalulekile,’ kusho uNgqongqoshe uDidiza.

Ubufakazi bezeSayensi buqinisekisa ukuthi abantu abagomile banethuba elingcono lokusinda ku-COVID-19 kunabantu abangagomile. ‘Ngigqquqzelu bonke abantu abangagomile emkhakheni wethu ukuba bagome ngoba ukugoma kuyasivikela ekutheni siguliswe kanzima yi-COVID-19 futhi kuhlenga impilo.’

Ungqongqoshe uphethe ngokubonga i-*Citrus Industry* ngokuhola phambili ngokuqalisa ukugoma emkhakheni lokho sekwenze abasebenzi bezempilo emphakathini nabazimele baqala ukugoma emapulazini nasezindlini ezisondelene ezweni. ■

Ngasekupheleni kuka-Agasti ingaphezulu kwezigidi eziyisishiyagaliluye imijovo efikile eNingizimu Afrike, bangaphezulu kwezigidi ezine (bangaphezulu kuka-10% abantu) asebegome ngokugcwele.

UKUKHISHWA KWABEZINDABA KUKHISHWE YI-DALRRD, 20 UGASTI 2021

# Landela lezi zinyathelo uma uqasha isisebenzi esisha

**U**MA UQASHA ABASEBENZI ABASHA, KUYADINGEKA UKUTHI ULANDELE INQUBO EFANELE. INQUBO ILAWULWA YIMITHETHO YEZABASEBENZI ENINGIZIMU AFRIKA. UMA KWENZEKA UNGAYILANDELINI QUBO EFANELE KUNGALIFAKA EZINDLEKWENI IBHIZINISI LAKHO.

Uma uqasha isisebenzi esisha, kufanele kulandelwe izinyathelo ezithile. Uyacelwa qaphela ukuthi akuzona zonke izinyathelo ezidingwa umthetho. Ezinye yizinyathelo eziphathetkayo ezisiza ekuvikeleni ingxabano nezabasebenzi, ukukongela imali nokuhombisa ukuthi uphethe ngendlela ezwakalayo.

## IZINYATHETO UMA UQASHA ISISEBENZI ESISHA

**1** Uma unquma ukuqasha isisebenzi esisha, noma owesikhala esisha noma ukuvala isikhala, seseke isinqumo sakho ngohlaka lohlelo olukhombisa ukuthi le sikhala sixhuma kuphi ebhizinisini lakho.

**2** Okulandelayo hlanganisa uhlaziyo oluchaza umsebenzi nohlobo lomsebenzi. Uhlaziyo lo msebenzi amaphepha ibhaliwe echaza kabanzi ngomsebenzi owenziwayo, kanye nolwazi, ukueqeshwa, amakhono, ulwazi, kanye namakhono adingekayo okwenza umsebenzi.

**3** Isinyathelo sakho esilandelayo ukubutha abantu abafuna umsebenzi ukuba bagcwalise leso sikhala esivulekile. Ngokujwayelekile lokhu kubizwa ngokuthi ukukhangisa okufanele kwensiwe ngaphakathi ebhizinisini nangaphandle. Ukukhangisa kungeziniwa ngezindlela ezahlukene indlela ke ijwayeleke kakhulu ukukhangisa ephephepheni noma ephephabukwini. Isikhango sakho ungasibeka esangweni lepulazi lakho. Ekukhangiseni kubalulekile ukuba uyiqaphele imithetho evimbela ubandlululo kubasebenzi. Lo mkhakha ulawulwa uMthetho No. 55 ka-1998: *i-Employment Equity Act*. Isibonelo, uma ufunu ukugcwalisa isikhala somshayeli kagandaganda, ngeke umeme izicelo zabafuna umsebenzi kwabesilisa kuphela njengoba nabesifazane bayabashayela ogandaganda.

Cela abafuna umsebenzi ukuba bagcwalise ifomu le sicelo somsebenzi noma okungenani bathumele *i-Curriculum Vitae (CV)* yakamuva. Lokhu kuzokusiza ekuhlanganiseni uhla olufishane Iwabantu abathathu kuya kwabahlanu ongathanda ukubenza inhlolokhono wena mathupha. Yilapho ke uhlaziyo lomsebenzi ludingeka ngempela amaphepha ongawasebenzisa. Uma esinye sezidingo kungukuthi kudingeka ilayisense yokushayela, ungazihlunga zonke izicelo ezingenayo ilayisensi yokushayela.

**4** Hlela usuku Iwenholokhono unqume usuku oluthile nesikhathi somuntu ngamunye ofake isicelo ohlwini olwenziwe. Qinisekisa ukuthi usebenzia indawo engasese nalapho ungeke uphazamiseke khona. Inkomba ephathetkayo: Gcina amarekhodi emibuzo oyibuzile nezimpendulo zomuntu ngamunye ofake isicelo ngesikhathi kwensiwa inhlolokhono ngqo. Ngosuku okwenziwa ngalo inhlolokhono uhla olufishane Iwabafake izicelo kufanele balethe amakhophi asethifayiwe eziyu zabo namanye amaphepha ongawadinga. Ngaso sonke isikhathi siyimpoqo isidingo sikamazisi waseNingizimu Afrika noma kungabokufika izimvume zokusebenza ezsenthethweni.

**5** Ngesikhathi sokwenza inhlolokhono ungavivinya nekhono lokusebenza elifana nokushayela ugandaganda. Ofake isicelo somsebenzi umshayelise ugandaganda – uma ekwazile ukulehlisa ugandaganda odonsa inqola enamasondo amane engawushayela ugandaganda.

**6** Ukukhetha kwakho akusukele ekuhlaziweni komsebenzi (ukuchawza komsebenzi, nohlobo lomsebenzi), amaformu okufaka izicelo zomsebenzi ne/noma *i-CV*, ulwazi oliunikezza kunhlolokhono, izivivinyo ezingenziwa namareferensi owalandele. Zama ukufaka amamaki (isibonelo kusukela ku-1 kuya ku-10) ngokwemikhakha ehlukene. Kwenza kube lula ukuseka ukukhetha kwakho lowo othi-le ofake isicelo.

Khumbula ukuthi abangaphumelelanga ezelweni zabo zomsebenzi bangaxabana nawe bakumangalele kwa-CCMA. Uma kungenzeka, kungaba kuhle ukuthi ukhethe owokuqala no-nqaba owesibili kulabo abafake izicelo uma kwenzeka owokuqala engawemukeli umsebenza.

**7** Okokugcina yenza i-ofa komkhethile ofake isicelo futhi umni-keze inkontilaki yomsebenzi futhi ufayele inkontilaki ewungqo efayelini lakhe lomsebenzi.

Kufanele kube nesizathu esiqinile sesikhala somsebenzi ngokohlaka Iwenhlango yakho. Kunobukhulu ubungozi ukuqasha umuntu omthathe emgwaqeni. Uma kwenzeka kuqubuka ingxabano, kungaba nzima kakhulu ukuveza ubufakazi ngaphandle kokulandela amaphepha. Ukulima namuhla kuyibhizinisi ngakho kufanele ukuphathe kanjalo. ■



U-MARIUS GREYLING,  
UMELULEKI OZIMELE WEZO-  
KUPHATHA KWEZOLIMO



# Ukuvikela isilimo sakho ngokwamanani esikhathi esizayo i-futures

E ATHIKHILI IZOGXILA EKUVIKELENI AMANANI ENTE-NGO ESIKHATHI ESIZAYO PHECELEZI *FUTURES HEDGING*. I-HEDGING YISU LOKUMAKETHA ELENZIWA NGOKWE-FUTURES NOMA NGOKUKHETHA PHECELEZI OPTION. ABANTU ABAFUNA UKUNCIPHISA UBUNGO-ZI BABO BOKUNYAKAZA KWAMANANI ENTENGU KUFANELE BEWAVIKELE, LOKHU KUBANDAKANYA ABAKHIQIZI NABASE-BENZISA IKHOMODITHI.

I-hedge yisikhali esisetshenziswa ukunciphisa nomu ukwesula ubungozi bamanani entengo. Inkontileka ye-futures ithengisela i-Safex ukuze idilive okusanhlamvu ngosuku lwasikhathi esizayo. Inkontilaki ichaza into ezodilivwa nemigomo nemibandela yokudiliva.

## NGABE KUFANELE NGIWAVIKELE AMANANI ENTENGU

Ngaphambi kokuba uvikelwe amanani, kufanele kuhendulwe imibuzo emibili:

- Okokuqala, **isikhali sokusebenza** esikhethiwe phecelezi **underlying instrument**. Uma inzuko nephrofayile yokulahlekile yesikhali esisetshenziswayo kufana nomu kwehlukene kakhulu nekhomodithi, ngokwemvelo ukukhetha kulula. Uma kungenjalo, ukuvikela kufanele kuphenye isikhali esisetshenziswayo, inzuko nephrofayile yokulahlekela okusondelene nesikhali esisetshenziswe ekuvikeleni.
- Okwesibili, **ukukhetha inkontileka?** Abakhiqizi kufanele bakhethi inyanga yenkontileka ngenkathi bevuna nomu ngenkathi beqeda ukuvuna. Isiboneko, abalimi eFreystata abavune ummbila wabo omningo Juleyi bangasebenzisa uJuleyi njengenya yabo yokuvikela amanani entengo.

**Ithebula 1** ikhombisa isiboniso sokukhiqiza eNyakatho Ntshonalanga okhathazekile ngamanani entengo yommbila ophuzi kungenzeka ehle ngesizini yokuvuna nongathanda ukuvikela ubungozi bamanani entengo.

- Utshala u-1500 ha wommbila ophuzi, ube ulindele u-5,5 amathani/ha isivuno.
- Ukweliukwa kwezindawo nezindleko zokuwuphatha zingalingani-selwa ku-R280/ithani, kanye nezindleko zokuthengisa nezindleko zesitifiketi se-silo ngo-R4/ithani nenkokhelo yokuthengisa kwe-JSE u-R17,64/inkontilaki (R0,17/ithani). Ulindele ukuvuna ngoJuni.

Thatha ngokuthi umkhiqizi uthathe i-futures contract ngoJanuwari ngommbila ophuzi kaJuleyi uthengisa ngo-R2 100/ithani. Ukuze umkhiqizi anqume ngekhwantithi yommbila azowuvikela kumanani entengo, into engcono kakulu angayenza kungaba ukunquma ngokwamaphesenti esivuno esilindelekile ozoba sezingeni elithile lamanani adingekayo ukuze kuhaveke izindleko zesilimo.

## INUZO NOKUJIYEZAYO

**Okuhle** ngokuvikela amanani entengo kubandakanya:

- Abukho ubungozi bokuphutha.
- Amandla ezisekelo ngeke ancishiswe ukwedlula ukwehlukana kwezindawo.
- Intengo yaziwa ngaphambili kwesikhathi.
- Ngaphandle uma izisekelo ziguquka futhi kuyasiza ekuhleleni nokubhajetha.

**Okubi** ngokuvikela amanani entengo kubandakanya:

- Ama-margins abhadalayo.
- Izindleko ezingeziwe zokudiliva zidingwa yi-exchange.
- Izindleko ze-transaction.
- Ukuguquguquka kwamanani entengo.



Let's Talk...



@Bayer4Crops  
@DEKALBSA

Bayer (Pty) Ltd. Reg. No. 1968/011192/07

27 Wrench Road, Isando, 1601.

P.O. Box 143, Isando, 1600. Tel: +27 11 921 5002

The registration owner of DEKALB® is Bayer AG, Germany.

[www.cropscience.bayer.co.za](http://www.cropscience.bayer.co.za) // [www.bayer.co.za](http://www.bayer.co.za)

## Every kernel counts!

### One seed ... One hole ...

Each one of our DEKALB® maize seeds is backed by cutting-edge technology and years of research and development to ensure that you get the most out of every kernel.

1

*Izibonele sokuvikela amanani omkhiqizi.*

- a) NgoJulayi ummbila ophuzi bewudayisa ngo-R3 300/ithani. Okukuqala sibheka isimo senzuso nokulahlekelwa komkhiqizi. Umkhiqizi unezindlela ezimbili zokubamba isimo *se-futures contract*. Mhlamwumbe engasilaxaza isimo *se-futures contract* ngokuthatha isimo *se-offsetting contract* futhi bese ethengisa ummbila ophuzi e-spot market endaweni yakhe noma engadiliva esimeni *se-futures market contract*.

	<b>Ukudiliva kwa-Safex/ithani</b>	<b>Ukudayisa ku-spot market/ithani</b>
I-margin yokuqala ngoJanuwari	-R100	-R100
Inkokhelo yomdayisi	-R4	-R4
Inkokhelo yokudayisa e-JSE	-R0,17	-R0,17
Onyanga yokuqala yokudiliva kwe-margin okwengeziwe	-R50	-R50
I-margin yokuqala kaJulayi	R150	R150
Inkokhelo yesitifiketi se-Silo	-R4	-
Inkokhelo yabadayisi	-R4	-R4
Inkokhelo yokudiliva e-JSE	-R4	-
Inkokhelo yokudayisa e-JSE	-	-R0,17
I-variation margin	-R800	-R800
Etholakele kwa-JSE (R3 300 - R280)	R3 020	-
Ukuthengisa e-spot market e-Lichtenburg	-	R3 020
<b>Isimo senzuso/ukulahlekelwa</b>	<b>R2 204</b>	<b>R2 212</b>

- b) Amanani ezinkonteleka zokudayisa ummbila ophuzi u-R1 500/ithani ngoJulayi.

	<b>Ukudiliva kwa-Safex/ithani</b>	<b>Ukudayisa ku-spot market/ithani</b>
I-margin yokuqala ngoJanuwari	-R100	-R100
Inkokhelo yabadayisi	-R4	-R4
Inkokhelo yokudayisa kwe-JSE	-R0,17	-R0,17
Inyanga yokudiliva ye-margin yokuqala engeziwe	-R50	-R50
Imargin yokuqala kaJulayi	R150	R150
Inkokhelo yesitifiketi seSilo	-R4	-
Inkokhelo yomdayisi	-R4	-R4
Inkokhelo yakwa-JSE yokudiliva	-R4	-
Inkokhelo yokudayisa kwa-JSE	-	-R0,17
I-variation margin	R1 000	R1 000
Etholakele kwa-JSE u(R1 500 – R280)	R1 220	-
Okudayisa ku-spot market e-Lichtenburg	-	R1 220
<b>Isimo senzuso/ukulahlekelwa</b>	<b>R2 204</b>	<b>R2 212</b>

Izibonele ezi-adophiwe ku-JM Geyser, 2013

**U-IKAGENG MALULEKE,  
USOMNOTHO WEZOLIMO  
KWA-GRAIN SA**



**GRAIN SA: PRETORIA**

PO Box 74087  
Lynnwood Ridge  
0040

■ 08600 47246  
■ www.grainsa.co.za

**UMHLELI OPHETHE**

**USandile Ngcamphalala**  
■ 082 862 1991 ■ Ihhovisi: 012 943 8296  
■ sandile@grainsa.co.za

**UMHLELI UKWABA**

**Liana Stroebel**  
■ 084 264 1422 ■ Ihhovisi: 012 943 8285  
■ liana@grainsa.co.za

**UPHATHINA WOKUSHICILELA**

**INFOWORKS MEDIA PUBLISHING**  
*Isekela mhleli – U Louise Kunz*  
■ louise@infoworks.biz  
*Umholi wethimba – U Johan Smit*  
■ 082 553 7806 ■ Ihhovisi: 018 468 2716  
■ johan@infoworks.biz  
*Ukushicilela – U Elizma Myburgh, Joritha Hechter*



**Uhlelo IweGrain SA  
LokuThuthukisa amaFama**

**ABAQONDISI BENTUTHUKO**

**Johan Kriel**  
Free State (Ladybrand)  
■ 079 497 4294 ■ johank@grainsa.co.za

**Jerry Mthombothi**  
Mpumalanga (Nelspruit)  
■ 084 604 0549 ■ jerry@grainsa.co.za  
■ Office: 012 943 8289 ■ Smangaliso Zimbili

**Jurie Mentz**  
Mpumalanga/KwaZulu-Natal (Louwsburg)  
■ 082 354 5749 ■ jurie@grainsa.co.za  
■ Office: 012 943 8218

**Graeme Engelbrecht**  
KwaZulu-Natal (Dundee)  
■ 082 650 9315 ■ graeme@grainsa.co.za  
■ Office: 012 943 8287 ■ Nkosinathi Mazibuko

**Luke Collier**  
Eastern Cape (Kokstad)  
■ 083 730 9408 ■ luke@grainsa.co.za  
■ Office: 012 943 8280 ■ Luthando Diko

**Liana Stroebel**  
Western Cape (Paarl)  
■ 084 264 1422 ■ liana@grainsa.co.za  
■ Office: 012 943 8285 ■ Hailey Ehrenreich

**Du Toit van der Westhuizen**  
North West (Lichtenburg)  
■ 082 877 6749 ■ dutoit@grainsa.co.za  
■ Office: 012 943 8290 ■ Lebo Mogatlanyane


**Cwayita Mpotyi**  
Mthatha  
■ 078 187 2752 ■ umthata@grainsa.co.za  
■ Office: 012 943 8277

**IPULA IMVULA IYATHOLAKALA FUTHI  
NANGALEZI ZILIMI EZLANDELAYO:**  
IsiZulu, IsiNgesi, IsiTswana, IsiSuthu, nesiXhosa.

Articles written by independent writers are the views of the writers and not that of Grain SA.

THIS PUBLICATION IS MADE POSSIBLE  
BY THE CONTRIBUTION OF THE MAIZE TRUST

# Iphrogrammu eguqula izimpilo



Farmer  
Development  
Programme

Umbiko

## Gubha umkhosi wesivuno

**LEZI** zithome ngezabalimi nommbila abawuvune ngoJulayi nango-Agasti. Inigi labalimi lithole isivuno esingaphezulu kwe-avareji. Ithimba lakwa-Grain SA lisebenzise izinkinga ezivelile njengethuba lokufundisa isifundo esibalulekile, njengokubaluleka kokulawula ukhula, indlela yokwenza uhlolo emasimini kubhekwe i-stalk borer kanye nokubaluleka kokwenziswa kwamasampula enhlabathi.



## Ukwelulekwa EKHAYA LAKHO

**EYODWA** yamaplatifomu okuhlangana esetshenziswa yi-*Grain SA's Farmer Development Programme* ukuvakashela amapulazi. Ithimba lihamba izinkulungwane zamakhilomitha njalo ngonyaka ukuze ifinyelele emapulazini njalo. Naphezu kokuba kunobhubhane emhlabeni, **emapulazi avakashelwe izikhathi eziyi- 78** ezweni lonke ngo-Agasti lapho khona ithimba laliphuma ezimotweni zalo lingene emasimini. Nayi eminye imisebenzi eyenzeka ngesikhathi kuvakashelwe amapulazi ngo-Agasti.

*ULuvuyo Mbutho welulekwa ngu-  
Neil Kirk owamakhela isitende  
ne-augur ukuze kuthi okungenani  
abe mabili ama-augur amabili  
asuka emadaminu okusanhlavu  
athela ematrakini. Lokhu kukho-  
mbisa ukuthi abeluleki bazinikele  
kangakanani emsebenzini wo-  
kulima walabo ababelulekayo.*



*USimon Mazwi ugoqa  
amasampuli enhlabathi  
ngesikhathi u-Du Toit van  
der Westhuizen evakashile.*



*UJohan Nel nomlimi uSopazi  
Lunyaweni osuka endaweni  
yaseMaclear baxoxe nge-  
sizini ezayo.*

*Umeluleki UNeil uhlola umswa-  
kama oqukethwe ummbila  
womlimi uSabasaba ensimini  
ngaphambili kokuvuna.* ■